**“ukunakekela okuphuthumayo”** kusho ukuhlola, ukwelapha kanye nokunakekela komuntu okulayo noma olimele esimweni lapho ukuhlola, ukwelapha kanye nokunakelela okuphuthumayo kudingeka, kanye ngokuqhube ka nokwelapha kanye nokunakekela ngesikhathi sokuhanjiswa komuntu onjalo eyiswa endaweni yezeMpilo noma esuswa kuyo;

**“Umsizi Wezokunakekela Okuphuthumayo”** kusho umuntu obhalisile kanjalo noMkhandlu Wobuchwepheshe bezeMpilo eNingizimu Afrika ngokwemigomo yoMthetho Wobuchwepheshe bezeMpilo;

**“izisebenzi zokunakekela okuphuthumayo”** kusho izisebenzi ezibhalisile kanjalo noMkhandlu Wobuchwepheshe bezeMpilo eNingizimu Afrika ngokwemigomo yoMthetho Wobuchwepheshe bezeMpilo;

**“Uchwepheshe Wezokunakekela Okuphuthumayo”** kusho umuntu noMkhandlu Wobuchwepheshe bezeMpilo eNingizimu Afrika ngokwemigomo yoMthetho Wobuchwepheshe bezeMpilo;

**“Ungcweti Wezokunakekela Okuphuthumayo”** kusho umuntu obhalise kanjalo noMkhandlu Wobuchwepheshe bezeMpilo eNingizimu Afrika ngokwemigomo yoMthetho Wobuchwepheshe bezeMpilo;

**“Ezosizo Oluphuthumayo”** kusho inhlango noma igatsha okuzinikele, kwaba nabasebenzi futhi kwahloma ukusebenza njenge-ambulense, imoto yokuhenga ngokwelapha noma imoto ephendula ngokwelapha ukuze kunikezele ngokunakekela okuphuthumayo;

**“Ezokwelapha Emicimbini”** kusho inhlango noma igatsha okuzinikele, kwahloma futhi kwaba nabasebenzi ngomuntu obhalise noMkhandlu Wobuchwepheshe bezeMpilo waseNingizimu Afrika ngokwemigomo yoMthetho Wobuchwepheshe bezeMpilo ukusebenzia i-ambulense noma imoto ephendula ngokwelapha ukunikezala ngokunakekela okuphuthumayo emihlanganweni yeningi noma emicimbini enobungozi obuphezulu;

**“Imenenja Yesikhungo Sezimo Eziphuthumayo”** kusho umuntu oqokwe ngokufanele njengomphathi Wezosizo Oluphuthumayo futhi obhalisile noMkhandlu Wobuchwepheshe bezeMpilo eNingizimu Afrika ngokwemigomo yoMthetho Wobuchwepheshe bezeMpilo;

**“iNhloko yoMnyango”** kusho izikhulu somnyango wezempi lo esifundazweni;

“uMthetho Wobuchwepheshe bezeMpilo” kusho uMthetho Wobuchwepheshe bezeMpilo, ka-1974 (uMthetho wama-56 ka-1974);

“uMkhandlu Wobuchwepheshe bezeMpilo eNingizimu Afrika” kusho igatsha elasungulwa ngokwemibandlea yesigaba sesi-2 soMthetho Wobuchwepheshe bezeMpilo;

“isikhulu esihlolayo” kusho umuntu eqashwe noma oqokwe IgatshaLezimvume kanye Nezokuhlolwa kwezeMpilo Esifundazweni;

“Usizo Oluphakathi Lokuphefumula (ILS)” kusho izinga lokunakekela okuphuthumayo okuhlinzekwa ububanzi bomsebenzi woMsizi Wezimo Eziphuthumayo ku-Ambulense kanye noMsizi Wokunakekela Okuphuthumayo njengokuba kunqunywe uMkhandlu Wobuchwepheshe bezeMpilo eNingizimu Afrika ngokwemigomo yoMthetho Wobuchwepheshe bezeMpilo;

“imvume” kusho imvume ekhishwe ngokwemigomo yaleMithethozimiso, evumela ukuhlinzeka ngosizo oluphuthumayo;

“Igatsha Lezimvume kanye Nezokuhlolola” kusho ingxenye yezeMpilo esifundazweni eqokwe iNhloko yoMnyango ukuthi inikeze izimvume kanye nokuhlolola ezosizo oluphuthumayo;

“MEC” kusho llunga Eliphezulu loMkhandlu elibhekene ngezempi;

“Ungcweti Wezokwelapha” kusho umuntu obhalise kanjalo ngokwemigomo yoMthetho Wobuchwepheshe bezeMpilo;

“ukuhlenga kokwelapha” kusho izenzo ezibandakanya indawo, ukukwazi ukungena, ukukhipha kanye nokunakekela okuphuthu, ayo komuntu.

“imoto yokuhlenga” kusho imoto-

- (a) ehlonyiswe nokufanele noma eyenziwe ngenhoso yokuhlinzeka ukuhlenga kuphela;
- (b) abanikazi bayo AbezosizoOluphuthumayo

- (c) ibhalisile njengemoto yokuhlenga ngokwemigomo ye-National Road Traffic Act; futhi
- (d) inabasebenzi futhi yahlonyiswa "ngokweSinenezelo A kanye no B;

**"imoto ephendula ngokwelapha"** kusho imoto-

- (a) ehlonyiswe nokufanele noma eyenziwe ngenhloso yokuhlinzeka ukuphendula ngokwelapha kuphela;
- (b) abanikazi bayo Abezosizo Oluphuthumayo
- (c) ibhalisile njengemoto yokuhlenga ngokwemigomo ye-National Road Traffic Act; futhi
- (d) inabasebenzi futhi yahlonyiswa "ngokweSinenezelo A kanye no B;

**"ilunga"** kusho umuntu oqokwe ngokwemigomo yomthethosimiso wesi-3 ukuthi asebenze eKomidini;

**"National Road Traffic Act"** kusho i-National Road Traffic Act, ka-1996 (uMthetho wama-93 ka-1996);

**"i-paramedikhi"** kusho umuntu obhalise kanjalo noMkhandlu Wobuchwepheshe bezeMpilo waseNingizimu Afrika ngokwemigomo yoMthetho Wobuchwepheshe bezeMpilo;

**"isikhathi sokuphendula"** kusho isikhathi esikaliwe kusukela lapho Abezimo Zokwelapha Eziphuthumayo bethola ucingo kuya esikhathini lapho izisebenzi zokunakekela okuphuthumayo noma ungcweti wezokwelapha efika endaweni yesehlakalo;

**"umuntu oqondene"** kusho umuntu, umuntu oqokiwe, odabeni Iwenkampani noma inhlango yabantu (noma ngabe yinkampani noma kungeyona) noma igatsha lombuso, elibhaliswe noMkhandlu Wobuchwepheshe bezeMpilo eNingizimu Afrika, osungula, oqhuba, owenza, ogcina noma ohlinzeka ngezosizo oluphuthumayo;

**"iRejistaYesikhungo Sezimo Oluphuthumayo"** kusho irejista okukhulunywe ngayo kumthethosimiso wesi-9(15);

**“isiteshi”** kusho isikhungo esiziqukethe esizinikele ukugcina izimoto zeximo eziphuthumayo;

**“imvume yesikhashana”** kusho imvume efanele ekhishwe ngokwemigomo yaleMithethizimiso evumela umhlinzeko wesikhsha wezimo eziphuthumayo; kanye

**“Isikhungo Sezimo Eziphuthumayo Esivolontiyayo”** kusho inhlango noma igatsha-

- (a) okunemvume yokuhlinzeka ngokuvolontiya okunjalo kwezimo eziphuthumayo njengokuba kuvunyelwe uMnyango wezeMpilo Esifundazweni ofanele;
- (b) okubhalisile maqondana ne-National Road Traffic Act; kanye
- (c) okubhalise njenge Nhlango Engenzi Nzuzo, kanye neNhlango Esiza Umphakathi njengokuba kunzelwe eMthethweni weziNhlango Ezingenzi Nzuzo, ka-1997 (uMthetho wama-71 ka-1997) kanye ne-Income Tax Act, ka-1962 (uMthetho wama-58 ka-1962), ngokulandelana;

**Izisebenzi Ezingamavolontiya Esikhungweni Sezimo Eziphuthumayo** kusho abasebenzi-

- (a) ababhalile njengongcweti noMkhandlu Wobuchwepheshe bezeMpilo waseNingizimu Afrika ngokwemigomo yoMthetho Wobuchwepheshe bezeMpilo;
- (b) abangamalunga esikhungo Sokuvolontiya Sezimo Eziphuthumayo; futhi
- (c) abatholi ukukhokhelwa ngemihlinzeko yesikhungo sezimo eziphuthumayo, kodwa bengabuyiselwa imali efanele yezindleko ezenzakalile.

## ISIKOPHU SOKUSEBENZA

2. Le Mithethozimiso iseberga Ezikhungweni Zezimo Eziphuthumayo zomphakathi kanye nezangasese ezisebenza kuRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika, ngaphandle koMbutho Wezokuvikela WaseNingizimu Afrika.

## INGXENYE YESI-2 – IKOMIDI LOKWELULEKA LE-EMS

### **IKOMIDI LOKWELULEKA LESIKHUNGO SEZIMO EZIPHUTHUMAYO**

3. (1) Inhloko yoMnyango kumele iqoke amalunga eKomidi.
- (2) IKomidi kumele-
- (a) leluleke futhi lenze izincomo ngezicelo zezimvume okukhulunywe ngazo kumthethosimiso sesi-8; futhi
  - (b) leluleke iNhloko yoMnyango ngezindaba zezimvume.
- (3) UNhloko yoMnyango kumele inqume imihlahlandlela yeKomidi.
- (4) (a) IKomidi kumele lakkhiwe okungenani amalunga ayisihlanu (5).  
 (b) Amalunga okukhulunywe ngawo kumthethosimiswana wesi-(5)(a), (c) kanye no (d) kumele abe nesipiliyon i seminyaka eyi-10 kwezezimo eziphuthumayo.
- (5) IKomidi okungenani kumele libe-
- (a) onelunga elilodwa abangongcweti bezokulapha okuphuthumayo noma umkhakha ofanayo;
  - (b) nelunga elilodwa, eliqokwe inhlangano evumelekile ngokwemigomo ye-Organised Local Government Act, ka-1997 (uMthetho wama-52 ka-1997), ukuthi limele uhulumeni esiFundazweni;
  - (c) ilunga elilodwa elinobuchwepheshe obubanzi ngezimo eziphuthumayo eliqokwe uMnyango wezeMpilo kuZwelonke;
  - (d) ilunga elilodwa elinobuchwepheshe obubanzi elisuka kwezezimo eziphuthumayo zangasese; kanye
  - (e) nelunga elilodwa elimele abasebenzisi bezokunakekelwa zempilo esiFundazweni.
- (6) Inhloko yoMnyango kumele iqoke ilunga eliphakanyiswe yiKomidi, ngengoSihlalo weKomidi.

(7) Emhlanganweni wokuqala weKomidi-

- (a) uSihlalo kumele anqume inqubo ezolandelwa emihlanganweni yeKomidi;
- (b) iKomidi kumele liqoke uSekela Sihlalo; futhi
- (c) iKomidi kumele lisungule indlela yokuziphathwa yamalunga.

(8) USihlalo, engasebenzisana nanoma yimuphi umuntu ukuthi abambe iqhaza ezinhlelweni zeKomidi, kunoma isiphi isigaba sokubhekwa kwesicelo ngokwemigomo yomthethosimiso sesi-8, uma uSihlalo anelisekile ukuthi umuntu onjalo uzokwazi ukusiza iKomidi ekwenzeni izincomo.

(9) USihlalo kumele aqinisekise ukuthi irekhodi eligcwele lwezinhllelo zizonke ligciniwe, kanye nerekhodi labantu ababa khona kanye nezinqumo ezithathiwe eKomidini.

(10) IKomidi kumele lihlanganiswe ngokujwayela uma kudingeka, ukubhekana nezicelo ngokwemigomo yomthethosimiso sesi-8.

(11) Ikhoramu yomhlanganoingamalunga angamaphesenti angama-50+1 amalunga eKomidi, kodwa phakathi kukaSihlalo noma uSekela Sihlalo kumele abe khona njalo.

(12) Ukuvota

- (a) isinqumo seningi lamalunga akhona emhlanganweni weKomidi sithathwe njengesinqumo seKomidi;
- (b) odabeni lwenani lwamavoti aholela ekulinganeni, uSihlalo noma uSekela Sihlalo owengamele emhlanganweni, unevoti elithatha isinqumo; futhi
- (c) umuntu okusebenzisanwa naye ngokwemigomo yomthethosimiswana sesi-(8), akanawo amandla okuvota ngesikhathi ebambe iqhaza esinhlelweni zeKomidi.

(13) USihlalo weKomidi kumele ahambise umbiko wonyaka ngemisebenzi kanye nezindleko zeKomidi, eNhlokweni yoMnyango, ezinsukwini ezingama-40 zokusebenza zokuphela konyaka wezimali.

(14) INhloko yoMnyango kumele ikhokhele amalunga angawona amalunga oMbuso-

- (a) umholo ofanele; kanye
- (b) nezibonelelo ezifanele zokudla kanye nezimali zokuvakasha ukuya emhlanganweni weKomidi, njengokuba kunqume u-MEC, ngokuvuma kuka-MEC obhekene nezezimali.

#### **UKUNGABANDAKANYWA KWAMALUNGA EKOMIDI**

4. (1) Ilunga leKomidi ligangaba khona emhlanganweni, noma libe yingxenye-

- (a) yokudingida;
- (b) yokuthatha isinqumo; noma
- (c) yokwenziwa kwezincomo

maqondana nesicelo esilethwe ngaphambi kweKomidilapho ilunga, umlingani walo, ilunga lomndeni eliseduze, umlimgani walo webhizinisi, umuntu osebenza nalo noma umqashi (ngaphandle koMbuso) enanova yiziphi izinjongo ezinjalo ngesikhathi sezinyanga eziyi-12 ezandulela isicelo okukhulunywa ngaso.

(2) Ngezinhoso zomthethosimiswana woku-(1), igama-

- (a) "umlingani" libandakanya umuntu ilunga elihlala naye njengomuntu ashade naye noma ilunga elihlala naye isikhathi esiningi; kanye
- (b) "nelunga lomndeni eliseduze" kusho, noma ngabe ngokwegazi noma ngokomthetho, ugogo noma umkhulu, umzali, ingane noma udadewabo noma umfowabobo, noma ngabe lobo budlelwane bokuzalwa, umshado noma ukutholwa.

(3) Umuntu akavumelekile, ukuthi esasebenzela iKomidi, avume noma yiluphi uhlobo lokuqashwa, ukukhokhelwa, isipho noma umklomelo, okusuka-

- (a) kumuntu onezinjongo Zezimo Eziphuthumayo; noma

- (b) kumuntu ofake isicelo semvume ngokwemigomo yomthethosimiso wesi-8.
- (4) Lapho ilunga leKomidi linokushayisana ngokwenjongo, lelo lunga kumele-
- (a) lidalule lokho kushayisana ngokwenjongo kuSihlalo weKomidi ngesikhathi esifanele; futhi
  - (b) azikhiphe ezingxoxweni lapho ukushayisana ngokwenjongo okunjalo kuvela.

## **UKUDALULWA NGAMALUNGA EKOMIDI**

5. (1) Umuntu oqokiwe eKomidini ngokwemigomo yomthethosimiso sesi-3(1), ekutholeni isaziso sokuqokwa kwakhe, kanye nangaphambi kokuqala imisebenzi yakhe njenge lunga, kumele ahambise ukudalula okubhaliwe eNhlokweni yoMnyango, okuchaza-
- (a) noma iyiphi injongo yezimali noma enye angaba nayo, okungaqhadelana noma kushayisane nokuqokwa okunjalo; kanye
  - (b) nanoma yiluphi ulwazi mayelana nokujeziselwa icala elibalwe kuSheduli yoku-1 ye- *Criminal Procedure Act, ka-1977* (uMthetho wama-51 ka-1977).
- (2) Ukungaphumeleli ukuhambisa ukudalula okukhulunywe ngakho kumthethosimiswa soku-(1)(a) kuzoholela ekutheni ukuqokwa kumiswe isikhathi esingadluli izinsuku ezingamashumi amane (40) zokusebenza kuze kube ukuda<sup>l</sup>ula kuyatholwa.
- (3) uma ilunga leKomidi-
- (a) lithola ukushintsha okumaqondana nezimali noma esinye izinjongo okungaba nomthelela ekukwazini kwakhe ukuthi athathe udaba ngokungachemi, ilunga elinjalo kumele, ezinsukwini eziyishumi (10) zokusebenza kusuke<sup>la</sup> ngosuku lokushintsha kwezimo kanye nasesikhathini esifanele ngaphambi kokubhekwa kodaba oluthintekayo, lihambise isaziso esibhaliwe eNhlokweni yoMnyango esichaza ukufaneleka kokushintsha kwezimo;

- (b) lingaphumeleli ukulandela umthethosimiswana wesi-(3)(a), kuqokwa kwalo njenge lunga kungachithwa;
  - (c) uma ubulunga balo buchithiwe, njengokuba kushiwo kumthethosimiswana wesi-(3)(b), ilunga lingafaka isikhala zo ku-MEC ezinsukwini ezingamashumi amabili (20) zokusebenza zokwaziswa, isikhala zo kumele-
    - (i) sibhalwe;
    - (ii) siveze izizathu zesikhala zo esenziwe; kanye
    - (iii) sicacise izizathu zokuthi kungani ubulunga balowo muntu kumele bungachithwa.
- (4) Isimemezelo esihanjiswe ngokwemigomo yomthethosimiswana woku-(1) kumele kube esenhloso yokunquma ukuba khona kokushayisana kwezinjongo okuvimbela ukuqokwa, noma ukuqhubeka kobulunga, komuntu njenge lunga leKomidi.
- (5) INhloko yoMnyango kumele iqinisekise ukuthi isimemezelo sihanjiswe ngobumfiho futhi asidalulwanga esidlanggalaleni.
- (6) Ilunga leKomidi akumele lisebenzise ukuqokwa kwalo eKomidini ngezindlela zokugqugquzela izinjongo zakhe zezimali noma ezinye izinjongo zomunye umuntumaqondana nezimo eziphuthumayo.
- (7) Ilunga leKomidi elenza ngamabomu futhi ngokwazi ukuthi-
- (a) lingaphumeleli ukunika izimpenduli eziyiqiniso, noma ukuhlinze ka ukudalula okugcwele kwezimali, noma ukushayisana kwenjongo okungaba khona;
  - (b) lisebenzisa ukuqokwa kwalo ukugqugquzela ezezimali noma izinjongo za noma yimuphi umuntu; noma
  - (c) lingaphumeleliukwehla esikhundleni njengoba kushiwo kumthethosimiswana wesi-(4)(4)(b), elenza icala futhi, uma ligwetshwa, lizohlawuliswa imali engadluli u-R25 000.00 futhi liyayeka ukuba yilunga leKomidi.

## UKUNQAMULA UBULUNGA

6. (1) Ilunga leKomidi, nganoma yisiphi isikhathi, iingasula ukuba yilunga leKomidi ngokwenza isaziso esibhaliwe ngaphansi kwezinsuku ezingamashumi amabili (20) zokusebenza eNhlokweni yoMnyango
- (2) INhloko yoMnyango ingamisa ukuqokwa kwelunga leKomidi ngokushesha uma ilunga-
- (a) lisezikweletini noma liba sezikweletini elingakwazi ukuzikhokhela;
  - (b) lingaphumeleli-
    - (i) ukudalula izinjongo zalo zezimali noma okunye ukushayisana kwezinjongo; noma
    - (ii) lehle esikhundleni lapho ilunga lomndeni eliseduze linenjongo emphumeleni wesinqumo ezizokwenziwa noma esenziwe yiKomidi;
  - (c) linokukhubazeka komqondo noma umzimba okungalivimbela ukule lenze umsebenzi walo njengelunga leKomidi;
  - (d) libandakanyeka ekuziphatheni, okufaka iKomidi ehlazweni noma okwenza ukwethembeka kweKomidi kube sengozini;
  - (e) lingaphumeleli ukwethamela Imihlangano emibili elandelanayo yeKomidi ngaphandle kokunikwa imvume uSihlalo yokuthi lingaba bikho;
  - (f) lingaphumeleli ukuthi lenze imisebenzi yeKomidi ngokusemandleni alo wonke;
  - (g) lithweswe icala okukhulunywe ngalo kumthethosimiso wesi-5(7).

## INGXENYE YESI-3 – UKUNIKA IMVUME IZIMO EZIPHUTHUMAYO

### UKUNIKEZA IZIMVUME

7. (1) Umuntu, inhlango noma igatsha lombuso akumele, ngaphandle kwemvume edingekayo, kusungulwe, kulawule, kushintshe ubuningi, kunike elinye igama, kushintshe indawo okwesikhashana noma unomphela, noma kushintshe imisebenzi-

- (a) Yezimo Eziphuthumayo
  - (b) Yezimo Eziphuthumayo Zomoya
  - (c) Zokwelapha Zemicimbi
  - (d) Yokuvolontiya Kwezimo Eziphuthumayo; noma
  - (e) Isikhungo Sokufunda Sezimo Eziphuthumayo.
- (2) Uhlobo lobuncane bokunika imvume kumele kube Usizo Oluphakathi Lokuphefumula.
- (3) Ezosizo Oluphuthumayo olunemvume ezingeni Losizo Oluphakathi Lokuphefumula noma ezingeni Losizo Olophezulu Lokuphefumula, kumele zivunyelwe ukuthi zisebenze kuya, kodwa kungedluli, amaphesenti angama-50 wama-ambulense assetshenziswa Ezosizo Oluphuthumayo ezingeni Losizo Oluyisisekelo Lokuphefumula futhi amaphesenti angama-50 asalayo ama-ambulense assetshenziswa Abosizo Oluphuthumayo kumele assetshenziswe izinga Losizo Oluphakathi Lokuphefumula, noma izinga Losizo Olophezulu Lokuphefumula, noma ngokuhlanganyela.
- (4) INhloko yoMnyango ingakhipa izimvume kuphela uma umsebenzi usuhololiwe yisikhulu esihlolayo futhi watholakala ukuthi uyahambisana nezimfuneko ezichazwe kuSinenezel A kanye no B, futhi uthathwa njengofanelekile futhi ngokwanele ngenhloso yokuhlinzeka umsebenzi omaqondana ngesicelo semvume.
- (5) Ukuvolontiya Kwezimo Eziphuthuayo kumele kuhambisane nezimfuneko zokunikela ngezimvume Zezimo Eziphuthumayo ngokungafaki izigaba sesi-(2)(b), 5(c) kanye nesesi-5(d) eSinenezelweni A.
- (6) Izimo Eziphuthumayo zangasese (okungafaki Izimo Eziphuthumayo Zemicimbi) zingahlinzeka usizo lokwelapha oluphuthumayo emngceleni ohlukanisiwe esifundeni sezempilo njengokuba kucacisiwe Esicelweni semvume futhi lapho isiteshi sazo sikhona, ngaphandle uma zihambisa iziguli phakathi kwezikhungo zezeMpilo noma zicelwe iNhloko yoMnyango.

**UKUFAKA ISICELO SEMVUME**

8. (1) Isicelo semvume yeZimo Eziphuthumayo kumele-
- (a) sihanjiswe neFomu elinqunyiwe (Isinenezelo C) eNhlokwei yoMnyango wesiFundazwe lapho zizobe zisebenza khona;
  - (b) sihanjiswe nemiqulu efunekayo eyesekayo; futhi
  - (c) sihambisane nemali yesicelo enqunyiwe njengokuba kusho Isinenezelo D.
- 2) Ukuvolontiya Kwezimo Eziphuthuayo kumelebekhokhe kuphela izimali zonyaka nge-ambulense ne-ambulense noma imoto yesimo eziphuthumayo, njengoba kushiwo eSinenezelweni D.
- (3) Isicelo esihanjiswe ngokwemigomo yomthethosimiso woku-(1)(a) kumele kube yisicelo esihanjiswe ngesandla, ngemeyili ebhalisiwe noma emayili yobuchwepheshe, eNhlokweni yoMnyango.
- (4) Isicelo sokuhoxisa isicelo nganoma yisiphi isikhathi ngaphambi kokuthi sibhekwe yiKomidi, lapho imali yesicelo izobuyiswa Esicelweni.
- (5) Uma isicelo sihoxisa isicelo emuva kokuthi iKomidi selisibhekile, imali yesicelo izobanjwa.
- (6) INhloko yoMnyango, ekutholeni isicelo ezimaqondana nokushintsha indawo kwemoto enemvume ukuya kwezinye isiFundazwe, ingakhipha imvume yesikhashana esezenza izinyanga ezisithupha (6), ngaphandle-
- (a) lapho ukushintsha kwendawo kwenzeke ngodaba lokushintsha iziguli siyiswe kwesinye isifundazwe;
  - (b) odabeni lapho kwenziwa imvume entsha phezu kwenye ekhona; noma
  - (c) lapho izimoto ezengezayo zithengiwe.
- (7) Imvume yesikhashana-

- (a) kumele ikhishwe ezinsukwini eziyi-10 zokusebenza amva kokuthola isicelo;
  - (b) ingangavuselelwa; futhi
  - (c) kumele ithathwe ngokuthi iphalelwwe yisikhathi odabeni lapho imvume inqatshelwe noma isicelo semvume sihoxisiwe.
- (8) Imali enquuniwe yonyaka iyakhokwa maqondana nemvume yesikhashana odabeni lapho imoto enemvume isuka esifundazweni iya kwesinye.
- (9) Isicelo esitholiwe esingenaso isiqiniseko sokukhokhelwa ngeke sibhekwe kuze kube imali ikhokhiwe, kodwa iNhloko yoMnyango ingalindisa isicelo isikhathi esingadluli izinsuku ezingama-60 zokusebenza, emva kwalesi sikhathi, uma imali yesicelo ingakakhokhwa, isicelo singathathwa njengesihoxisiwe.
- (10) Isicelo sokuhambisa isicelo semvume yeZimo Eziphuthumayo kumele sibe nesiteshi esibekwe phakathi esifundeni sezempilo lapho umfaki wesicelo ehlose ukusebenzaukwandisa Ukuhanjiswa kwezinsiza futhi isiteshi kumele silandela imthetho kanye namazinga ahlinzekwe iSinenezelo A.

#### **UKUBHEKA ISICELO**

9. (1) Ekutholeni isicelo, iNhloko yoMnyango, ezinsukwini eziyisihlanu (5) zokusebenza futhi ngendlela yeposi elibhalisile noma imeyili yobuchwephesh, kumele yazise umfaki wesicelo ukuthi isicelo sakhe sitholakele, ngokuveza usuku isicelo esitholakale kalo.
- (2) INhloko yoMnyango, ezinsukwini eziyishumi (10) zokusebenza zokuthola isicelo, kumele sibuyekeze isicelo ukunquma ukuthi ngabe sigcwaliswe ngokufanele noma kunemininingwane edingekayo.
- (3) Uma iNhloko yoMnyango inombono wokuthi ifomu lesicelo aligcwaliswanga ngokufanele noma ukuthi kunemininingwane edingekayo, iNhloko yoMnyango kumele yazise umfaki wesicelo, ngokubhala, ngokungaggcwaliswa ngokufanele kwesicelo bese ecela ukuthi umfaki wesicelo agcwalise ngokufanele ifomu lesicelo

noma anikezele ngemininingwane edingekayo ezinsukwini esingamashumi amabili (20) zokusebenza.

- (4) Uma umfaki wesicelo engaphumeleli ukugcwalisa ifomu lesicelo noma ukunikezela ngemininingwane edingekayo ngesikhathi ezishiwo kumthethosimiswana wesi-(3), umfaki wesicelo kumele athathwe ngokuthi usihoxisile isicelo.
- (5) Uma iNhloko yoMnyango inombono wokuthi ifomu lesicelo ligcwaliswe ngokufanele, kumele-
  - (a) idlulisele isicelo eKomidini ukuthi leluleke futhi lenze izincomo esicelweni; futhi
  - (b) ifake isaziso kanyekanye ephephandaben i lendawo kanye *nakusoMqulu* ukwazisa umphakathi ngesicelo kanye nokuthi imeme umphakathi ukuthi ufake umbono esicelweni, ihlizzeke isikhathi esingangezinsuku eziyishumi nanhanlu (15) zokusebenza zalowo mbono womphakathi.
- (6) iKomidi kumele lithathe isicelo kanye nemibono etholiwe (uma ikhona) ezinsukwini ezingamashumi amabili (20) zokusebenza bese lenza izincomo eNhlokweni yoMnyango.
- (7) INhloko yoMnyango, ezinsukwini ezishumi nanhanlu (15) zokusebenza zokuthola izincomo esisuka eKomidini, kumele ithathe izincomo bese yenza isinqumo.
- (8) INhloko yoMnyango, ngaphambi kokuthatha isinqumo ngokwemigomo yesigatshana sesi-(7), ingadlulisel isicelo eKomidini futhi ukuthi liphinde libheke izincomo zalo, isho ngokubhala, izizathu zokubuyisela isicelo eKomidini.
- (9) Uma iNhloko yoMnyango ibuyisela isicelo emuva ukuthi sibhekwe futhi, iKomidi kumele lenze izincomo sokugcina Esicelweni esinjalo ezinsukwini ezingamashumi amabili (20) zokusebenza ezinsukwini isicelo ezibuyiselwe kulo ngazo.
- (10) INhloko yoMnyango, ezinsukwini eziyishumi (10) zokusebenza zokuthola izincomo sokugcina ngokomthethosimiswana wesi-(9), kumele uthathe leso sincomo.

- (11) iNhloko yoMnyango, ezinsukwini eziyishumi (10) zokusebenza zokuthatha isinqumo ngesicelo njengokuba kushiwo kumthethosimiswa wesi-(7) noma we-(10), kumele yazise umfaki wesicelo ngokubhala ngesinqumo futhi, uma isicelo singaphumelelanga, unikeze izizathu zokungaphumeleli kwwaso futhi yazise umfaki wesicelo ngamalungele akhe okufaka isikhala zo ngokomthethosimiso wama-21.
- (12) Uma iNhloko yoMnyango isiqinisekile izincomo zeKomidi ukuthi isicelo sivunyelwe, iNhloko yoMnyango kumele, ezinsukwini eziyishumi (10) zokusebenza, iyalele umhloli, ngokubhala, ukuthi ahlole Izimo Eziphuthumayo okukhulunywe ngazo.
- (13) Umhloli kumele ahlole Izimo Eziphuthumayo bese ehambisa umbiko obhaliwe, ngemiphumela yokuhlolwa kwakhe, eKomidini ezinsukwini ezingamashumi amabili nanhlanu (25) zokusebenza ngokuyalelw iNhloko yoMnyango.
- (14) (a) Isicelo kumele sihlinzeke usuku sokuhlolwa Igatsha Lezimvume kanye Nezokuhlolwa kwezeMpilo Esifundazweni ezinsukwini eziyikhulu namashumi amabili (120) zokusebenza zosuku oluqokwe iNhloko yoMnyango.  
 (b) Uma isicelo singaphumeleli osukwini lokuhlolwa njengokuba kuhlinzekiwe endimeni (a), umfaki wesicelo kumele athathwe njengosihoxisile isicelo sakhe.
- (15) Uma iNhloko yoMnyango isiqinisekise izincomo zeKomidi ukuthi imvume ivunyelwe, ngombandela wokuthi Ezezimo Eziphuthumayo zihlolwe uMhloli ofanele futhi Ezezimo Eziphuthumayo zitholakale zihambisana nale Mithethozimiso, iNhloko yoMnyango kumele ikhiphe imvume ukuthi Izimo Eziphuthumayo zibhalise kurejista yeZimo Eziphuthumayo.

**UKUBHEKWA KWESICELO ZEMVUME**

- 10.** Uma kubhekwa isicelo semvume, iKomidi kumele libheke imibono kanye nezimpendulo ezitholakele maqondana ngesicelo ukuze kunqunywe ukuthi ingabe kunesidingo seZimo Eziphuthumayo esihlongozwayo futhi lingabheka lokhu okulandelayo:

- (a) Isidingo sokuqinisekisa ukuhambisana kwezokuhlela ezempilo kanye nokuthuthukisa emazingeni kazwelonke, esifundazweni kanye nasekhaya kanye nesidingo sokugquqquzelu ukwabiwa okulinganayo kanye nokulinganisa ezempilo ngokulungisa ukungalingani okungenxa yobuhlanga, ubulili, umnotho kanye nendawo kanye nokubheka-
- (i) izimo zenani labantu kanye nesifunda komphakathi osetshenzwayo;
- (ii) inani selilonke kanye nenani eliphokophelwe endaweni;
- (iii) unyaka kanye nobulili obakha umphakathi; kanye
- (iv) ukuchazwa kwenani lezifo kanye nokufa komphakathi;
- (b) ukutholakala kwezimo eziphuthumayo ezikhona;
- (c) isidingo sokugquqquzelu kokusebenza okusezingeni eliphezulu okutholakalayo, okukhokhelekayo, okubiza kahle futhi okuphephile;
- (d) okungaba ubuhle kanye nobubi kwesicelo emiphakathini ethintekile;
- (e) isidingo sokukhuphula abantu noma izinhlobo zabantu abaqokiwe ngokwemigomo yoMthetho Yokulingana eMsebenzini, ka-1998) uMthetho wama-55 ka-1998), *iBroad-Based Black Economic Empowerment Act*, ka-2003 (uMthetho wama-53 ka-2003), *iCo-operatives Act*, ka-2005 (uMthetho we-14 ka-2005) kanye nomkhakha wamabhinisi amancane, aphakathi namakhluu, okufaka phakathi amabhizinisi aphethwe ngokuhlanganyela;
- (f) okungazuzwa ngokuqequesha kanye ngokucwaninga kanye nokuthuthukisa ngenhloso yokuthuthukisa Ukuhanjiswa kwezempi;
- (g) isidingo sokuqinisekisa ukuthi ukuphathwa kwezimo Eziphuthumayo akwakhi imiphumela emibi kubahlizeki bezinsiza ukusiza ngokweqile iziguli noma bezidlulise ngokungafanele;
- (h) lapho kunesidingo, uhlobo lwezinsiza zempilo olukezwa umfaki wesicelo ngaphambilini; kanye
- (i) lapho kunesidingo, ukuhambisana nezimfuneko zokubika njengokuba kubekiwe kuleMithethozimiso ngaphambilini.

**IZINCOMO ZEKOMIDI**

11. Ukuhlaziya okulandelayokwesicelo, iKomidi lingenza izincomo ezilandelayo eNhokweni yoMnyango:

- (a) Ukuthi isicelo sivunyelwe
- (b) Ukuthi isicelo sivunyelwe kodwa ngaphansi kwemibandela lapho iKomidi libona kulungile, okufaka, kodwa okungenamkhawulo, endleleni yezinsiza ezizohlinzekwa Izimo Eziphuthumayo; noma
- (c) isicelo singavunyelwa.

**ISINQUMO SENHLOKO YOMNYAKO**

12. INhloko yoMnyango ingathatha lezi zinqumo ezilandelayo:

- (a) Iqinisekise izincomo seKomidi;
- (b) iqinisekise izincomo ukuvumela isicelo ngaphansi kwemibandela yezincomo ezenziwe yiKomidi; noma
- (c) ingavumelani nezincomo ezenziwe yiKomidi.

**UKUKHISHWA KWEMVUME KANYE NEZIMALI ZEMVUME**

13. (1) Uma isicelo Sezimo Eziphuthumayo sivunyelwe, noma sivunyelwe ngaphansi kwemibandela, yokuthi Ezezimo Eziphuthumayo zihlolwe umhloli ofanele futhi zatholakala zilungile ngokwale Mithethozimiso, iNhloko yoMnyango kumele-

- (a) ikhiphe imvume ukuthi zenze umsebenzi okukhulunywa ngawo; futhi
- (b) ikhiphe uphawu lwemvume yemoto ngayinye ezosetshenziswa Izimo Eziphuthumayo njenge-ambulense, imoto yokusindisa ngokwelapha noma imoto ephendula ngokwelapha.

- (2) Imvume okukhulunywe ngayo esigatshaneni soku-(1)(a) kumele iqukathe lokhu okulandelayo:
- (a) Igama lomnikazi weZezimo Eziphuthumayo;
  - (b) Igama leZimo Eziphuthumayo;
  - (c) indawo isiteshi seZimo Eziphuthumayo esifundeni sezempilo;
  - (d) uhlobo lomsebenzi olunikezwa Izimo Eziphuthumayo;
  - (e) uhlobo kanye nenani lezimota Izimo Eziphuthumayo elizozisebenzisa; kanye
  - (f) nanoma iluphi ulwazi iNhloko yoMnyango eluthatha ngokuthi lubalulekile.
- (3) Uphawu lwemvume okukhulunywe ngalo kumthethosimiswana woku-(1)(b) kumele luqukathe lokhu okulandelayo:
- (a) Igama Lezimo Eziphuthumayo;
  - (b) inombolo yokubhalisa yemoto;
  - (c) usuku iphawu lwemvume olukhishwe ngalo;
  - (d) usuku uphawu lwemvume oluphelelwa yisikhathi ngalo; kanye
  - (e) nohlobo lwemoto.

#### **UKUVUSELWA KWAMINYAKA YONKE KWEZIMVUME KANYE NOPHAWU LWEMVUME**

14. (1) Imvume kanye nophawu lwemvume Kwezimo Eziphuthumayo ezinemvume kusebenza isikhathi esingan gezinyanga eziyishumi nambili (12) kusukela osukwini lokukhishwa futhi kumele kuvuselelwwe njalo ngonyaka, uma Izimo Eziphuthumayo ezihlolwa Umhloli ofanele futhi zatholwa zihambisana nale Mithethozimiso.
- (2) Izimo Eziphuthumayo ezinemvume kumele zifake izicelo zokuvuselelwwa kwezimvume kanye nezimpawu zazo ngokulandelana, ezinsukwini ezingamashumi amabili (20) zokusebenza ngaphambi kokuphelelwwa yisikhathi kwemvume kanye nezimpawu ezinjalo.
- (3) Ukuvuselelwwa kwezimvume kanye nezimpawu kwenzeka emuva kokuhlolwa futhi kwazo ngumhloli ofanele.

**UKUMISWA NOMA UKUCHITHWA KWEMVUME**

15. (1) Uma Izimo Eziphuthumayo zephula noma zingahambisani nale Mithethozimiso, iNhloko yoMnyango kumele ikhiphe isaziso sokungahabisani kumnikazi wemvume.
- (2) Isaziso kumele sisho-
- (a) indlela kanye nezinga lokungahambisani okumele kulungiswe;
  - (b) ukungaphumeleli ukulungisa ukungahambisani esikhathini ezishiwo esazisweni kungaholela ekumisweni noma ekuchithweni kwemvume; futhi
  - (c) umnikazi wemvume unelungelo ukuzimela ngokubhalela iNhloko yoMnyango, esikhathini sesaziso, mayelana nokumiswa noma ukuchithwa kwemvume okuhlongoziwe.
- (3) Uma, ekuphileni kwesikhathi ezishiwo ngokomthethosimiswa wesi-(2)(b), ukungahambisani kungakalungiswa ngokugculisa iNhloko yoMnyango, iNhloko yoMnyango, emva kokubheka wonke amaqiniso, okufaka phakathi umbiko womhloli kanye nakho konke okulethwe ngumnikazi wemvume, ingamisa noma ichithe imvume yeZimo Eziphuthumayo.
- (4) Uma imvume imisiwe noma ichithiwe, iNhloko yoMnyango, ezinsukwini eziyishumi (10) zokusebenza, kumele yazise umnikazi wemvume ngokubhala maqondana-
- (a) nesinqumo;
  - (b) nesizathu sezinqumo; kanye
  - (c) nelungelo lokufaka isikhala.

**UKUBUYISWA KWEMVUME KANYE NOKUSUSA UKUMISWA KWAYO**

16. (1) Abezimo Eziphuthumayo abanemvume echithiwe noma emisiwe, nganoma yisiphi isikhathi, bengafaka isicelo sokuthi kubuyiselwe imvume noma kususwe ukumiswa kwayo.

- (2) Imihlinzeko yomthethosimiso wesi-8 iyasebenza, ngokwenza ushintsho ukuze uhambisane nesimo, maqondana nokufaka isicelo sokubuyiselwa kwemvume.
- (3) Ngaphambi kokuthi iNhloko yoMnyango ibuyisele imvume noma isuse ukumiswa kwayo, umhloli kumele ahlole Izimo Eziphuthumayo okukhulunywe ngazo ukuze kunqunywe ukuthi Ezosizo Oluphuthumayo-
  - (a) ziyahambisana nesiNenenzelo A kanye no B; futhi
  - (b) zifanele futhi zanele ngezinhloso zokuhlinzeka usizo olunemzume futhi enze izincomo eNhlokweni yoMnyango.
- (4) INhloko yoMnyango ingahambisa ukumela ukuze kubuyiselwe imvume noma kususwe ukumiswa eKomidini ukuze kubhekwe futhi kwenziwe izincomo.

## **UKUCHIBIYELWA KWEMVUME**

17. (1) Ukuze kushintshe izinga lokusebenza imvume ekhishelwe lona, umnikazi wemvume kumele afake isicelo eNhlokweni yoMnyango ukuchibiyela imvume ngokufanele.
- (2) Imihlinzeko yemithethozimiso wesi-8 kanye nowesi-9 iyona esebezayo, noshintsho oludingekayo ngenxa yesimo, maqondana nesicelo sokuchibiyelwa kwemvume.

## **UKUSHINTSHA KOBUNINI**

18. (1) Imvume Yezimo Eziphuthumayo ayikwazi ukudluliswa.
- (2) Uma Izimo Eziphuthumayo zithengiselwe umnikazi omusha-
- (a) umnikazi omusha kumele ahambise isicelo ngokomthethosimiso wesi-8;
  - (b) umnikazi omusha engasebenza emvumeni ekhona isikhathi esingangezinyanga eziyisithupha (6) noma ngemvume entsha noma imvume yesikhashana uma ikhona esikhishiwe egameni lomnikazi omusha; futhi

- (c) iNhloko yoMnyango kumele ithi umhloli akahlole ezinyangeni eziyisithupha (6) okukhulunywe ngazo endimeni (b).

## **IZIMALI**

19. (1) Izimali zesicelo semvume, sokuvuselelwa kwemvume kanye nokuhlolwa maqondana nesicelo, noma ukuvuselelwa, kwemvume njengokuba kushiwo esiNenezelweni D.
- (2) Umfaki wesicelo engazimela ku-MEC ofanele ngokuyekiswa ukukhokha izimali ezifanele.
- (3) Imali yokuvuselela imvume ikhokhwe njalo ngonyaka ekuphele ukuhlolwa kwaminyaka yonke okushiwo kumthethosimiso wesi-14.
- (4) Ukuvuselelwa kwemvume kanye nophawu lwemvume akumele kukhishwe ngaphambi kokuthi kulethwe ubufakazi bokukhokha imali efanele.

## **UKUXOLELWA**

20. (1) INhloko yoMnyango, nganoma isiphi kanye nasezimeni ezinjalo kanye nangesikhathi esinjalo njengoba inganquma, kodwa ngaphansi kwezinya ngezintathu, ngokubhala, ingavumela inhlango noma igatsha ukuthi kuxolelwe kunoma yiziphi izimfuneko kule Mithethozimiso, uma lokho kuxolelwa kungeke kube nomthelela ongemuhle ekunakekelweni kweziguli.
- (2) Ukuvuselelwa kuvunyelwa ngokwemigomo yaleMithethozimiso kanye nezizathu zokuvumela ukuvuselelwa kumele kuvele kurejista Yezimo Eziphuthumayo.

## **ISIKHALAZO**

21. (1) Umuntu-
- (a) ofake isicelo semvume Yezimo Eziphuthumayo noma ukuvuselelwa kwemvume enjalo, kanye nomntu isicelo sakhe esingavunyelwanga; noma

- (b) imvume yakhe emisiwe noma echithiwe, engafaka isikhala, ngokubhala, ku-MEC ezinsukwini eziyishumi (10) zokusebenza emva kokwaziswa ngokungavunyelwa, ukumiswa noma ukuchithwa, bese enika izizathu zesikhala.
- (2) U-MEC, ezinsukwini ezinhlanu (5) zokusebenza zokuthola isikhala, kumele ahambise ikhophi yesikhala eNhlokweni yoMnyango.
- (3) INhloko yoMnyango, ezinsukwini eziyishumi (10) zokusebenza zokuthola ikhophi yesikhala, kumele ihambise impendulo yesikhala ku-MEC.
- (4) U-MEC engaqoka abantu abaya kwabathathu (3) abazimele kanye nabantu abafanele, abangezona izisebenzi zoMnyango noma amalunga eKomidi, ukuthi bayale u-MEC ngesikhala.
- (5) U-MEC engavumela noma engavumeli isikhala futhi, odabeni lapho isikhala sivunyelwe, engashintshwa isinqumo seNhloko yoMnyango bese evumela isicelo.
- (6) Isikhala kumele sigoqwe ezinsukwini ezingamashumi amabili (20) zokusebenza zosuku lapho iNhloko yoMnyango ihambise impendulo ku-MEC ngokomthethosimiswana wesi-(3).
- (5) U-MEC kumele akhulume ngesinqumo sesikhala kumfaki wesikhala ngokubhala, uma isikhala sinqatshiwe, anikezele ngezizathu zokwenqatshelwa kwesikhala.
- (8) (a) Uma u-MEC evumela isikhala, isinqumo, kanye nezizathu zesinqumo, kumele kutshelwe iNhloko yoMnyango ngokubhala.  
(b) Ekutholeni isinqumo, iNhloko yoMnyango kumele ufake kurejista Yezimo Eziphuthumayo.

**INGXENYE YESI-4 – UKUHLOLWA KWEZOKWELAPHA  
EZIPHUTHUMAYO**

**UKUHLOLWA KWEZICELO EZINTSHA**

22. (1) Ekuvumeleni isicelo yiNhloko yoMnyango, umfaki wesicelo kumele akhokhe imali yokuhlola njengokuba kushiwo esiNenezelweni D futhi ahlinzeke ngesiqiniseko sokukhokha imali yokuhlola.
- (2) Uma umfaki wesicelo ehlinzeka ngesiqiniseko sokukhokhela Igatsha Lezimvume kanye Nezokuhlola, ukuhlola ngeke kwenzeke kwenzeke kuze kube imali yokuhlola ikhokhiwe.
- (3) Ukuhlola kwaleMithethozimiso kwenziwela ukunquma ukuthi ngabe Izimo Eziphuthumayo-
- (a) zihambisana nenqubo yokugunyazwa okushiwo esiNenezelweni A kanye no B, kanye
  - (b) nokuthi zifanele futhi zanele ngezinhoso zokuhlinzeka izinsiza ezifakela zona isicelo, ukunikwa imvume.
- (4) ngaphansi kwemibandela yobumfiho besiguli, umnikazi Wezimo Eziphuthumayo noma yinoma yimuphi umuntu ophethe noma olawula Isikhungo Sezimo Eziphuthumayo noma ophethe umsebenzi, kumele ahlinzeke, kumhloli osebenza ngokwaleMithethozimiso-
- (a) ulwazi Umhloli angaludinga maqondana nenhlangano kanye nokuphathwa kwalesi Sikhungo Sezimo Eziphuthumayo, okufaka phakathi indawo yokuhlala, ukunakekelwa kanye nokwelashwa kweziguli;
  - (b) amarejista, amarekhodi okwelashwa kanye namanye amarekhodi eziguli, ezisebenzi kanye nezmoto;

- (c) noma yiluphi olunye ulwazi oludingekayo ukuhlola ukulandelwa kwaleMithethozimiso, okufaka phakathi ukuhambisana nezimfuneko ezibaliwe esiNenezelweni A kanye no B.
- (5) Umhloli engacela ukuthi ukuhanjisa kolunye ulwazi maqondana nesicelo, okuhlanganisa kodwa okungakhawuliwe imniningwane yokwenza umsebenzi.
- (6) Odabeni Iwesikhungo Sezimo Eziphuthumayo esisebenza eziteshini eziningi, umhloli kumele abheke ukuthi izinto ezinjengamarejista kanye namarejista okwelapha, okuhlanganisa namarekhodi obuchwepheshe kanye namarejista, kungaba kwesinye isiteshi noma ihhovisi okungaba yisiteshi esiyisisekelo noma inhloko yehhovisi IweZimo Eziphuthumayo.
- (7) ngaphansi kwemibandela yelungelo lesiguli lobumfihlo, futhi nokuthi ukuhlola akunawo umthelela ongemuhle ekuhambiseni izinsiza, umuntu akumele-
- (a) nganoma iyiphi indlela, avimbele umhloli ukuthi ahlole;
  - (b) enqabe ukunikezela, ngolwazi Iwakhe olugcwele, ulwazi olucelwe umhloli;
  - (c) enqabe uma ecelwa ngumhloli, ukuveza imoto, into yokwenza noma indawo; noma
  - (d) enqabe, uma ecelwa ngumhloli, ukuthi avule ikhabethe noma indawo yokubeka izinto.

### **UKUHLOLWA KWESIKHUNGO SEZIMO EZIPHUTHUMAYO EZIBHALISILE**

23. (1) INhloko yoMnyango kumele, okungenani kanye ngonyaka ukwengeza ekuhlolweni ngokwemthethosimiso wama-22, ahlole noma enze ukuthi kuhlolwe, ngumhloli ofanele, zonke Izikhungo Zezimo Eziphuthumayo ezibhaliswe ngokweMithethozimiso ukuze kunqunywe ukuthi ingabe Isikhungo Sezimo Eziphuthumayo-
- (a) siyahambisana nesiNenezelo A kanye no B; futhi

- (b) ngabe sifanele futhi sanele ngezinhoso zokuhlinzeka izinsiza esinemvume yazo.
- (2) INhloko yoMnyango, noma yinini lapho kuthathwa ngokuthi kunesidingo, ngokubhala ingayalela - Igatsha Lezimvume kanye Nezokuhlolwa ukuthi lenze okunye ukuhlola ukuze linqume ukuthi ngabe Isikhungo Sezimo Eziphuthumayo-
- (a) siyahambisana nesiNenezelo A kanye no B; futhi
  - (b) ngabe sifanele futhi sanele ngezinhoso zokuhlinzeka izinsiza esinemvume yazo.

## **INGXENYE YESI-5 - EZOKUSEBENZA KWE-EMS**

### **UKUBEKWA KWEMVUME KANYE NOPHAWU LWEMVUME**

**24.** Imenenja yeSikhungo Sezimo Eziphuthumayo kumele iqinisekise ukuthi-

- (1) imvume okukhulunywe ngayo kumthethosimiso we-13(1)(a) ibekwe endaweni ebonakalayo esiteshini esiyisisekelo noma enhlokweni yehhovisi kwesikhungo seZimo Eziphuthumayo;
- (2) uphawu lwemvume okukhulunywe ngalo kumthethosimiso we-13(1)(b) lubekwe endaweni ebonakalayo kuzo zonke izimoto ezinezimvume.

### **IGAMA LESIKHUNGO SEZIMO EZIPHUTHUMAYO**

**25. (1)** – Igama lesikhungo Sezimo Eziphuthumayo kumele-

- (a) livunyelwe iNhloko yoMnyango;
- (b) libe nezimo Eziphuthumayo njengamagama amathathu okugcina;

- (c) lehluke futhi lingafani nelesinye lsikhungo Sezimo Eziphuthumayo abagunyaziwe; futhi
- (d) libhalwe kuzo zonke izimoto.

## **UKUPHATHWA KWESIKHUNGO SEZIMO EZIPHUTHUMAYO**

26. (1) Isikhungo Sezimo Eziphuthumayo kumele siqoke, ngokwamandla aso onke, iMenenja Yesikhungo Sezimo Eziphuthumayo efanele futhi ebhalise noMkhandlu Wobuchwepheshe bezeMpilo eNingizimu Afrika, okungenani, njengomsizi wezama-Ambulense.
- (2) Isikhungo Sezimo Eziphuthumayo esiVolontiyayo kumele siqoke iMenenja yesikhungo seZimo Eziphuthumayo efanele futhi ebhalise noMkhandlu Wobuchwepheshe bezeMpilo eNingizimu Afrika, okungenani, njengomsizi wezama-Ambulense.
- (3) iMenenja yesikhungo seZimo Eziphuthumayo kumele-
- (a) iqinisekise ukuthi inani leziguli alithwelwe yi-ambulense alidluli inani lenombolo evunyelwe ngokwemihlinzeko yokwakhiwa kwayo kanye nokuphepha kwayo;
  - (b) iqinisekise ukuthi Isikhungo Sezimo Eziphuthumayo Sisebenza ngendlela ehlinzeka ukunakekela okusezingeni eliphezulu futhi okungabeki engcupheni ukuphepha komphakathi, kwesiguli noma izisebenzi;
  - (c) igcine amarekhodi eziguli eyimfihlo, njengokuba kusho umthetho kanye nemithetho yokuziphatha yoMkhandlu Wobuchwepheshe bezeMpilo eNingizimu Afrika;
  - (d) yazise iNhloko yoMnyango ezinsukwini ezingamashumi amabili (20) zokusebenza, nganoma yiluphi ushintsho olwenziwe ngumnikazi wemvume noma ommele ngokwaleMithethozimiso;
  - (e) iqinisekise ukuthi iziguli zingavinjelwa ukuthi zithole ukwelashwa okuphuthumayo Yizimo Eziphuthumayo ngenxa yokungakwazi ukukhokha kweziguli, noma nanoma yiziphi izizathu;

- (f) iqinisekise ukuthi inqubo yokungenelela ngokushesha lapho izisebenzi zizithola zisengozini ngokwemvelo, ngokwamakhemikhali, ngokwengqondo noma ngokomzimba;
- (g) igcine imigomo ehlelekile yokusebenza yenqubo abasebenzi okumele bayilandele;
- (h) igqugquzele amasu okushayela okuphephile, kanye nokuqwashisa kwamasu okushayela kokuzivikela;
- (i) iqinisekise ukuthi zonke izimoto ezisetshenziswa Yisikhungo seZimo Eziphuthumayo zinedivayisi ekwazi ukubona ukuthi imoto ikuphi ngesethelayithi ekwazi ukuveza umkhondo ngaleso sikhathi, okuhlanganisa indawo, ijbane kanye nendlela imoto ehambe ngayo futhi ekwazi ukuveza imibiko yomlando;
- (j) iqinisekise ukuthi Isikhungo Sezimo Eziphuthumayo sigcina izitifiketi ezifanele zempahla esetshenziswa Yisikhungo Sezimo Eziphuthumayo njengokuba kunqume isiNenezelo B;
- (k) iqinisekise ukuthi onke ama-ambulense akhiqizwe, noma ngemuva, kokuqaliswa kwaleMithethozimiso ahambisana Namazinga Emithethozimiso kaZwelone (SANS) afanele kumkhiqizi wezimoto obhalisile;
- (l) iqinisekise ukuthi zonke izimoto ezisebenzayo futhi ezinezimvume zisesimeni esifanele sokuba semgwaqeni njengokomthetho Womgwaqo ofanele;
- (m) iqinisekise ukuthi Isikhungo Sezimo Eziphuthumayo sigcina amakhophi emiqui elandelayo sawo wonke ama-ambulense akhiqizwe, noma ngemuva, kosuku lokuqaliswa kwale Mithethozimiso:
  - (i) Umkhiqizi / umngenisi wempahla ezweni / Isitifiketi Sokwakha (MIB) somkhiqizi, somfaki wempahla ezweni kanye nomakhi we-ambulense;
  - (ii) Isitifiketi Sokwakha somakhi we-ambulense ngayinye; kanye
  - (iii) neSitifiketi se-eNaTIS se-ambulense ngayinye njengokuba sikhishwe umkhiqizo we-ambulense;
- (n) iqinisekise ukuthi imithi ibekwe futhi yarekhodwa ngokwe-Medicines and Related Substance Act, ka-1965 (uMthetho we-101 ka-1965) kanye ne-Pharmacy Act, ka-1974, (uMthetho wama-53 ka-1974);
- (o) iqinisekise ukuthi Izisebenzi Zesikhungo Sezimo Eziphuthumayo zibhalisile noMkhandlu Wobuchwepheshe bezeMpilo eNingizimu Afrika futhi zisebenza ngaphansi kwesikophu soMkhandlu Wobuchwepheshe bezeMpilo eNingizimu

Afrika sokusebenza futhi nokuthi iziguli azisizwa ngokweqile ukuze kuzuwemali kuzo;

- (p) iqinisekise futhi igcine ukuziphatha ngendlela kanye nezinga eliphezulu lobuchwepheshe;
- (q) iqinisekise ukuhambisana nemihlinzeko emaqondana nokushayela ezimweni eziphuthumayo ku-*National Road Traffic Act*;
- (r) iqinisekise ukuthi ezimweni lapho kuneziguli eziningi, iziguli zelashwa futhi zithwalwa ngokuqala ngokufanele kuqalwe ngazo ngenxa yesimo sazo futhi nokuthi kulandelwe amandla e-ambulense okuthwala;
- (s) igcine umthwalo wokuqinisekisa ukuziphatha okufanele kwabasebenzi Besikhungo Sezimo Eziphuthumayo;
- (t) iqinisekise ukuthi zikhona izindlela zokuphathwa kwesikhala, ukuxoxisana, ukwenganyelwa kokwelapha kanye nokuqinisekisa izinga eliphezulu;
- (u) iqinisekise ukuhambisana nemikhuba kanye nemibandela enqunywe yiHhovisi lezeMpilo Lokulandelwa Kwemibandela;
- (v) iqinisekise ukuthi izilinganiso Zesikhungo Sezimo Eziphuthumayo ngokwe-*Indicator Data Set* zihanjisiwe njengokuba kusho Umcwaningi-Jikelele eNingizimu Afrika; futhi
- (w) iqinisekise ukuhambisana ne-*Basic Conditions of Employment Act*, ka-1997 (uMthetho wama-75 ka-1997) kanye nemihlinzeko efanele ye-*Public Service Regulations*, ka-2001, njengokuba ichitshiyelwe.

## **ULWAZI OLUMAQONDANA NESIKHUNGU SEZIMO EZIPHUTHUMAYO**

27. (1) Imenenja Yesikhungo Sezimo Eziphuthumayo kumele iqinisekise ukuthi amarekhodi okunakekelwa kwesiguli ngasinye esilashiwe noma esithuthiwe agciniwe.
- (2) Imenenja Yesikhungo Sezimo Eziphuthumayo kumele iqinisekise ukuthi ulwazi olulandelayo luyathathwa njalo ngenyanga, lugcinwe ngokufanele futhi litholakala kalula ukuthi luhlolwe uma licelwa ngumhloli noma iNhloko yoMnyango:
- (a) Isikhathi sokuphendula sihlukaniswe kahle eseziindawo ezisedolobheni kanye nezisemakhaya;

- (b) amagama, iziqu, imininingwane yokubhalisa noMkhandlu Wobuchwepheshe bezeMpilo waseNingizimu Afrika kanye nemahora asetshenziwe ngenyanga kwezisebenzi, osonkontileka kanye namavolontiya;
- (c) ifayela lesisebenzi ngasinye esiqashwe Yisikhungo Sezimo Eziphuthumayo, okungenani elinalokhu okulandelayo
  - (i) ikhophi kamazisi;
  - (ii) ikhophi yeMvume Yokushayela kanye nePhemithi Yokushayela Ngobuchwepheshe;
  - (iii) ikhophi yenkontileka yokuqoshwa; kanye
  - (iv) nohlu lwabasebenzi abaholelwayo;
- (d) ubufakazi bokubhalisa kwazo zonke izisebenzi-
  - (i) Besikhwama Sesinxephezelo Sokulimala kanye Nesezifo Sasemsebenzini;
  - (ii) Bokukhokha Njengoba Uhola;
  - (iii) Bemali Yokuthuthukiswa Kwamakhono; kanye
  - (iv) nobeSikhwama Somushwayilense Wokungasebenzi;
- (e) ubufakazi benimbolo yama-ambulense kanye nezimoto eziphendulayo ezisebenzayo;
- (f) irekhodi lenombolo kanye nohlobo lwezigameko ezingabanga zinhle ezigulini;
- (g) uhlu Iwesikhathi zezisebenzi zanyanga zonke; kanye
- (h) irekhodi lezikhalazo ezitholakele kanye nezisombululo zazo.

#### **AMANDLA EZISEBENZI ZOKUNAKEKELA OKUPHUTHUMAYO**

28. Izisebenzi Zokunakekekla Okuphuthumayo, noma yinini lapho bebona kunesidingo noma kukuhle ukuze benze imisebenzi yabo yokusindisa impilo noma ukuvimbela ukulimala komzimba, bengenza noma yini enesidingo, ukuze bezokwazi ukwenza imisebenzi yabo, futhi ngaphansi kwemibandela yemithetho efanele-
- (a) bengavala noma yimuphi umgwaqo noma isitaladi;
  - (b) bengangena noma bengagqekeza noma yisiphi izakhiwo;

- (c) bengalimaza noma yisiphi izakhiwo;
- (d) endaweni yokwenzeka kwsigameko bengasusa noma yimuphi umuntu oyingozi, noma osebungozini, noma ophazamisa Izisebenzi Zokunakekela Okuphuthumayo ekutheni zenze umsebenzi wazo; futhi
- (e) bengenza ukuthi kususwe endaweni yokwenzeka kwsigameko noma yisiphi Izisebenzi Sokunakekela Okuphuthumayo esingafuni ukunikeza iziguli ukunakekela okusezingeni elifanele elidinga ukungenelela okuphezulu.

## **INGXENYE YESI-6 – IMIHLINZEKO EYAHLUKENE**

### **UKUTHUMA**

**29.** INhloko yoMnyango inganika amandla noma umsebenzi enikezwe noma ethweswe wona aleMithethozimiso kusiPhathimandla, ngaphandle-

- (a) amandla okwenza isinqumo ngesicelo ngokwaleMithethozimiso;
- (b) amandla okumisa noma ukuchithwa imvume ngokoMthethosimiso se-15(3); kanye
- (c) umsebenzi wokuhambisa impendulo yesikhala zo ku-MEC ngokoMthethosimiso sama-21(3).

### **AMACALA KANYE NEZIJEZISO**

**30.** Umuntu

- (a) osungula, osebenzisa, oqhuba, ophatha, olawula Isikhungo Sezimo Eziphuthumayo, noma oshintsha ubuningi, onika igama elisha, oshintsha indawo yezinsiza okwesikhashana noma unomphela, noma oshintsha imisebenzi, Yesikhungo Sezimo Eziphuthumayo ngaphandle kwemvume noma ngaphandle kokulandela leMithethozimiso;
- (b) umuntu obheke, noma oqashwe Yisikhungo Sezimo Eziphuthumayo futhi-

**CONTINUES ON PAGE 130 - PART 2**



# Government Gazette Staatskoerant

REPUBLIC OF SOUTH AFRICA  
REPUBLIEK VAN SUID AFRIKA

Vol. 630

1 December  
Desember 2017

No. 41287

PART 2 OF 4



N.B. The Government Printing Works will  
not be held responsible for the quality of  
“Hard Copies” or “Electronic Files”  
submitted for publication purposes

ISSN 1682-5843



9 771682 584003



AIDS HELPLINE: 0800-0123-22 Prevention is the cure

- (i) ovimbela noma owenqabela ukuthi Umhloli noma umuntu omeleyena, ukuthi akwazi ukungena kuleso Sikhungo Sezimo Eziphuthumayo ngenhlosa yokuhlola ngokwaleMithethozimiso;
- (ii) ongaphumeleli ukulandela leMithethozimiso;
- (iii) ovimbela ukungena kwesiguli esidingo ukunakekelwa okuphuthumayo Esikhungweni Sezimo Eziphuthumayo;
- (iv) oziphatha, noma ovumela izisebenzi ukuthi ziziphathe (odabeni lomuntu oziphethe kahle), ngendlela engathathwa ngokuthi icekela phansi igama lenkampani;
- (v) owelapha ngendlela engekho kuskophu sokusebenza okufanele seZisebenzi Zokunakekela Okuphuthumayo njengokuba kuchaze uMkhandlu Wobuchwepheshe bezeMpilo eNingizimu Afrika;
- (vi) onolwazi Iwesimo sidinga ukunakekela okuphuthumayo bese egodla ngamabomu ulwazi ulufanele Esikhungweni Sezimo Eziphuthumayo;
  
- (d) ohlukumeza noma obiza usizo kodwa ebe azi ukuthi asikho isizathu sokwenza lokho;
- (e) oveza, noma ofaka imoto engenayo imvume ngokwaleMithethozimiso-
  - (i) ngenhlabamkhosi;
  - (ii) amalambu akhanyayo abovu;
  - (iii) uphawu “*star for life*” noma ezinye izimpawu, ama-emblemu, amalogo, amadivaysi akhethiwe, ukumakwa, amagama ngandlela thile okuhlobene Nesikhungo Sezimo Eziphuthumayo; noma
  - (iv) amagama “iParamedikhi”, “Izimo Eziphuthumayo”, “Uchwepheshe Wezokunakekela Okuphuthumayo”, “Usizo Oluphezulu Lokuphefumula”, “ALS”, “Usizo Oluphakathi Lokuphefumula”, “ILS”, “Ungcweti Wezokunakekela Okuphuthumayo”, “ECT”, “Umsizi Wokunakekela Okuphuthumayo”, “Umsizi Wezokunakekela Okuphuthumayo”, “ECA”, “i-ambulense”, “Ezokuphendula Ngokwelapha Okuphuthumayo”, “Umsizi Wesisekelo we-ambulense” “BBA”, “Ezosizo Oluvisisekelo Lokuphefumula”, “BLS”, udukotela noma omele yena;
  
- (f) oveza igama “*Paramedic*”, “*Intensive Care Unit*”, “*ICU*”, noma amagama “*Advanced Life Support*”, “*ALS*” noma “*Emergency Care Practitioner*” “*ECP*”, udukotela emotweni lapho imoto enjalo-

